BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 africa@bu.edu
www.bu.edu/Africa/alp 617.353.3673

# Isaga 7: Inkomo Ingazala Umuntu

## Characters

| | |
|---|---|
| Umfundisi: | Mhlengi Zuma |
| Insizwa: | T.Q. Zondi |
| Unkosikazi 1: | Sinethemba Shezi |
| Unkosikazi 2: | Nomfundo Cele |

## Transcript

Ibandla: "Unobubele ngami, uJesu unobubele ngami, uJesu unobubele ngami, unobubele ngami. Wangithatha la, angibeke la, angisuse la, angibeke le, unobubele ngami."

Umfundisi: Haleluya bazalwane.

Insizwa: Ameni, ameni!

Umfundisi: Sihlangene lapha ngendaba enkulu, iNkosi yethu eyasifelayo esiphambanweni.

Insizwa: Haleluya.

Umfundisi: Eee…Ngokuphuthuma nje isikhathi, ngizophuthuma laphayana eZwini eNcwadini eNgcwele, isahluko lesiyana, hho incwadi kaZikhronike isahluko esesikhombisa, ngizofunda ivesi nje libe linye , ivesi lika-14, elifundeka kanje: "Bazithobe abantu bami ababizwa ngegama lami"

Insizwa: Ameni!

Umfundisi: "Bakhuleke, bafune ubuso bami, baphenduke ezindleleni zabo ezimbi. Ngiyakuzwa ngisezu..ngise…ngisezulwini ngithethelele isono sabo, ngiphilise izwe lonke,"

Insizwa: Ameni! Baba.

Umfundisi: Mayibongwe iNkosi.

Insizwa: Ameni!

Umfundisi: Liyakhuluma izwi bazalwane. Likhuluma ngento enkulu yokuphenduka. Uma sikhuluma ngokuphenduka bazalwane, sikhuluma ngento enkulu.

| | |
|---|---|
| Ibandla: | Mm. |
| Umfundisi: | Ihlule abantu abaningi. |
| Insizwa: | Umkhulu Baba. |
| Umfundisi: | Umuntu ahambe ezindleleni ezimbi, kuze kube uyosithela phansi egodini. |
| Insizwa: | Egodini baba! |
| Umfundisi: | Afe angcwatshwe. |
| Insizwa: | Haleluya! |
| Unkosikazi 1: | Hhayi bo! |
| Umfundisi: | Ngiyabonga uma kukhona abantu abaphendukayo abalizwa iZwi leNkosi, ngoba iyasho iNkosi ithi “Woza nazo noma zizimbi, zibomvu, ngiyakuzihlanza zibe njengeqhwa. |
| Insizwa: | Haleluya, My Lord! |
| Umfundisi: | Uma nje siphenduka bazalwane. |
| Unkosikazi 1: | Hhayi bo! |
| Unkosikazi 2: | Uthi ngiyabona nje. |
| Unkosikazi 1: | Hhayi, inkomo ingazala umuntu! |
| Unkosikazi 2: | Hhayi ngeke akuyena! |
| Unkosikazi 1: | Hhayi, No. |
| Unkosikazi 2: | Hhayi bo! UMandla lo? |
| Unkosikazi 1: | Hhayi sibona izinto. |
| Unkosikazi 2: | UMandla lo? |
| Insizwa: | Haleluya! |
| Unkosikazi 1: | Hhayi ngeke! |
| Unkosikazi 2: | Lo zolo lokhu . |

Unkosikazi 1: Lutho lutho lutho!

Unkosikazi 2: Kade epheth' abantwana ngala nangala!

Unkosikazi 1: Hhayi ngeke.

Unkosikazi 2: Hhayi ngeke!!!

Umfundisi: Mayibongwe inkosi.

Insizwa: Ameni. Haleluya...my sweet Savior Jesus!